UMAFRIKA

INANI R3.00 (Incl. Vat)
PHONE: (031) 533 7600/1/2
FAX: (031) 533 7940

Media House, 43 Imvubu Park Place,
Riverhorse Valley Business Estate,
4017, DURBAN

NJALO NGOLWESIHLANU
Established 1929.23 November, 2012 - November 29, 2012

uMngeni Water nezinhlelo zentuthuko

IKHASI 2

UNKK Zanele “MaZetZet” La-Mbokazi Mpendulo, nowakwakhe uMbhishobhi Mpendulo Nkambule befika emcimbini wamaSABC Crown Gospel Music Awards ngeSonto eledlule eNkosi Albert ICC eThekwini. Kusadingeka igagu langempela elingachaza izinga eliphakeme lalo mcimbi elibonakala lenyuka unyaka nonyaka. Ukwenyuka kwezinga kufakazelwe nawukuthi abakwaSABC bap-hinde uMaZetZet bamnike igunya lokugqugquzela lo mcimbi eminye iminyaka emihlanu ezayo. Ipatshazi elinguMaZet lithe libonga bonke abaleseka ngemithandazo ukuze liqine okholweni, lubheke kuMvelinqangi UMAFRIKA ujoyina izigidi ngezigidi zabakufisela impumelelo “MaZetZet!”

UMngeni Water uzinikele ekuthuthukiseni imiphakathi

GUY VEZI

INHLANGANO esingethe ezamanzi, uMngeni Water, izimisele ngokuthi yonke imiphakathi yaKwaZulu-Natal, ikakhulukazi eyasemakhaya ibe namanzi ahlanzekile angezukudala izifo, ibuye idale namathuba emisebenzi.

Lokhu kudalulwe yisikhulu esiphezulu sale nkampani, uMnuz Cyril Gamede oyiChief Executive Officer emhlanganweni wayo obukwelinye lamahhotela aphambili eThekwini kulamasonto edlule.

UMnuz Gamede udalule ukuthi inhlangano yabo isebenzise isamba esibalelwa kuR485 million kuma-project okuhloswe ngawo ukuthuthukisa imiphakathi eyehlukene. UR228 million walesi samba, utshalwe ngqo ezindaweni zasemakhaya.

Ukuba uMngeni Water, ubungumuntu, noma insizwa, ubungabizwa nge "Qhawe elingenazibongo". Yingoba le nhlangano ingenye yalezo ezenza imisebenzi eminingi, emikhulu emihle, kodwa engabonakali kalula emiphakathini.

Kwenzeka lokhu nje, izinhlelo eziningi zingama nse, uma uMngeni Water ungasebenzi ngokuzinikela nangokwezinga eliphezulu. UMnotho uwodwa nje ngeke unyakaze uma kungase kuthiwe amanzi awekho noma awekho esimweni esifanele.

Izinga lawo eliphezulu lisanda kufakazelwa ukuklonyeliswa yi-First National Bank KwaZulu-Natal, ngendondo eyaziwa ngokuthi yiFNB KZN Top Business Award ngeqhaza elibambile ekuthuthukisweni komnotho.

Imisebenzi yoMngeni Water ezindaweni ezifana naseNanda lapho kuphothulwe khona iMaphephethwa Water Treatment Works ezohlinzeka amanzi emiphakathini yasezindaweni ezahlukene eNanda naseThekwini.

Naseningizimu yeTheku kunepayipi ekuthiwa yiSouth Coast Pipeline Phase 2A eliphakathi kwePark Rynie neKelso elizohlinzeka amanzi kulezi zindawo.

Ngaphandle kokuhlinzeka amanzi, uMngeni Water ubambe iqhaza nasekuthuthukisweni kwemiphakathi ngezindlela ezahlukene.

UMnuz Gamede uthe bazimisele nangokuhlinzeka amanzi asezingeni elamukelekile emhlabeni wonke. Nanxa bekwazi ukuthi amanzi kumele akhokhelwe, uthe bazama konke okusemandleni izindleko zawo zingalibhobozi iphakethe.

UMNUZ Cyril Gamede, oyiChief Executive yaseMngeni Water.
ISITHOMBE: GUY VEZI